Isifundo 13

**Mandulo 22-28*

Uhambo Oluya eRoma



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki funda ku:
IZenzo 27, 28; Rom. 1:18-20.

Indimana Yekhanda:
"Ungesabi Pawulu, umelwe ukuma phambi kukaKesari" (IZenzo 27:24, ESV).

UPawulu wayekade efisa kusukela kudala ukuya eRoma, kodwa ukuboshwa kwakhe eJerusalema kwaguqula sonke isimo. Ngokuvumela ingcindezi yabaholi bebandla laseJerusalema abakholelwa ekusindisweni ngokugcina umthetho, wazithola eseboshwe amaRoma iminyaka ecishe ibe mihlanu, kuhlanganisa nesikhathi asichitha olwandle endleleni eya eItaliya lenguquko yayisho ukukhinyabezeka okukhulu komsebenzi wakhe wokuvangela.

Noma kunjalo-ke, uJesu ngokwaKhe wathembisa ukuthi umphostoli usayomfakazela eRoma (IZenzo 23:11). Noma simjabhisa, uNkulunkulu uyasinika elinye ithuba, nakuba engasivikeli njalo emiphumeleni yezenzo zethu. Akugcinanga ngokuthi uPawulu ayiswe eRoma eyisiboshwa, kodwa akukho bufakazi eBhaybhelini obuthi wake waya eSpaniya,njengoba wayehlele ukuya khona (Rom. 15:24). Ngemuva kokukhululwa kulokho esikwazi ngokuthi ukuboshwa kokuqala eRoma, uPawulu waphinde waboshwa futhi, ngalesikhathi wafela inkolo yakhe (2 Thim. 4:6-8) ngokomyalo kaNero ngo A.D. 67.

Yebo, uPawulu wafika eRoma, kwathi esalinde endlini ayedingiselwe kuyo ukuze ahlulelwe yinkosi, yize ayeboshwe ngamaketanga, wakhuluma, ngokukhululeka kunoma ubani oweza kuye (IZenzo 28:30, 31), okwakuhlanganisa abantu ababalulekile basesigodlweni sikaKesari (Fil. 4:22).

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMandulo 29*

Uhambo Lwasolwandle Oluya eRoma

Ngemuva kweminyaka emibili evalelwe eKesariya (IZenzo 24:27), uPawulu wathunyelwa eRoma. Ngokusebenzisa inkulumo yobuningi futhi ezibhanqa naye, nokufaka imininingwane echaza uhambo olude nolugcwele izigemegeme oluya eItaliya (IZenzo 27:1-18:16), siyabona ukuthi uLuka wayekanye noPawulu ngokunjalo nomunye umKrestu ongu Aristarku (IZenzo 27:2). Omunye ogqamile kulendaba yinduna yomRoma uJuliyasi, owayegade nezinye iziboshwa futhi (IZenzo 27:1). Kwasekuyophela ihlobo ngesikhathi beqala uhambo. Isikhathi seNzilo okukhulunywa ngaso (IZenzo 27:9) Usuku lokuBuyisana, enxenyeni yesibili kaMfumfu. Ngenxa yobusika, kwakuvamile ukugwema ukuhamba oLwandle Olukhulu phakathi kuka Lwezi noNdasa. Ngalelihlandla kodwa, bahlangabezana nobunzima zisuka phansi nje, kwaze kwathi ngemuva kokubambezeleka okukhulu, bafika endaweni okuthi Amachweba- Mahle, esiqhingini saseKrethe (IZenzo 27:8).

Funda iZenzo 27:9-12. Belapho eMachweba- Mahle, uPawulu wangenela kanjani endabeni, futhi ukungenelela kwakhe kwamukeleka kanjani?

Izixwayiso zikaPawulu azinakwanga, ngakhoke basopha ukuqhubekela entshonalanga, amamayela angu 40, befuna ichweba lase Finikisi lapho babezochitha khona ubusika ngokuphepha. Ngeshwa, ngokuguquka okusheshayo kwesimo sezulu, bazithola bephakathi kwesiphepho esinamandla kangangoba amatilosi avele avumela umkhumbi ukuba uqhutshwe umoya uye ngase ningizimu-ntshonalanga, usuke ogwini. Masinyane baqala ukuphonsa izimpahla olwandle, ngisho nezinye izinsimbi zomkhumbi, bezama ukuwenza lula njengoba wase ungenisa amanzi. Isimo sasibucayi. Ngemuva kwezinsuku ezithile lingabonakali nelanga, imvula ina ngamandla, kuvunguza imimoya, bengazi lapho bekhona, bekhathele befile, bagcina belahle lonke ithemba lokusinda (IZenzo 27:20, NIV).

Funda iZenzo 27:21-26. Kwakuthini ukungenelela kukaPawulu kwesibili kulendaba?

Ngamazwi esiprofetho, uPawulu watshela amatilosi isigijimi ayesithole sivela kuNkulunkulu. Sasingekho isizathu sokulahla ithemba. Ingozi yona yayizolokhu ikhona kanye nokulahlekelwa, kodwa bonke babezosinda bona.

Kungani inceku kaNkulunkulu ezinikele njengoPawulu kwakudingeka ihlukumezeke kangaka? Singafunda zifundo zini ngamava akhe na?

Ukucwila Komkhumbi

Ekungeneleleni kwakhe kwesibili kulendaba, uPawulu waqinisekisa bonke ababesemkhumbini—abantu abangu 276 (IZenzo 27:37)—ukuthi nakuba kungezuhamba kahle konke, kodwa ngeke kulahleke mphefumulo; kuyocwila umkhumbi kuphela (IZenzo 27:22). Ngemuva kwezinsuku eziyishumi nane, amazwi omphostoli agcwaliseka. Isiphepho sasisavunguza, umkhumbi uzintantela, amatilosi afikelwa umqondo wokuthi ugu luseduze, ngoba bebezwa umsindo wamagagasi ashayisa emadwaleni (IZenzo 27:27). Ngemuva kokulinganisa okuningi, besaba ukuthi umkhumbi ungase uphahlazeke emadwaleni asogwini, baphonsa amahange amane enhlokweni yomkhumbi ukuze kwehle isivinini; kusenjalo, bathandaza konkulunkulu babo ukuba kuse (IZenzo 28, 29).

Funda iZenzo 27:30-48. Sithola zifundo zini kulendaba?

_____

_____

_____

Ekuqaleni kohambo, induna yamphatha kahle uPawulu, kodwa yayingalwethembi ulwazi lwakhe ngezasolwandle. Kodwa ngemuva kwamasonto amabili, zaguquka izinto. UPawulu wayesethenjwa yinduna ngokungenelela kweziprofetho zakhe mayelana nokucwila komkhumbi (IZenzo 27:21-26), okwasekuzokwenzeka manje. UPawulu wanxusa abangaphakathi komkhumbi ukuba badle, kungenjalo, babengeke babenamandla okuhlamba ukuze bafinyelele ogwini. Ukungenelela kukaNkulunkulu akusho ukuthi asingakwenzi lokho okuwumsebenzi wethu. "Kuyo yonke lendaba kukhona ukulinganisa okuhle phakathi kwesiqiniseko sikaNkulunkulu ngokuphepha kwabo, nemizamo yabantu yokubona ukuthi kuyenzeka lokho."—David J. Williams, *Acts* (Grand rapids: Baker, 1990), p. 438.

Entathakusa, amatilosi alubona ugu; kwakuyindawo enolwandle nxazombili, lapho babehlose khona ukuwumisa esihlabathini umkhumbi. Kodwa awuzange ufinyelele ogwini umkhumbi.Esikhundleni salokho, washayisa indunduma yesihlabathi, waphahlazeka ngenxa yamandla amagagasi. Inhloso yamabutho yokubulala iziboshwa yavinjwa yinduna ngenxa yeziyalo zikaPawulu. Ekugcineni, akulahlekanga noyedwa, njengokwesithembiso sikaNkulunkulu.

Kusitshelani ukufakaza kukaPawulu okunamandla, nesimilo sakhe, okwathi ngenxa yesifiso sokumgcina ephila, amasosha enqatshelwa ukubulala iziboshwa?

_____

EMelitha

Laba abahamba ngomkhumbi baze bathole sebesogwini ukuthi kanti baseMelitha, isiqhingi esincane phakathi noLwandle Olukhulu, eningizimu neSisili. Kulamasonto amabili bentanta olwandle, base behambe amamayela angu 475 selokhu basuka eMachweba Mahle eKrethe. Manje babezolinda izinyanga ezintathu zobusika ngaphambi kokuqhubeka nohambo lwabo (IZenzo 28:11).

Funda iZenzo 28:1-10. Kwenzekani kuPawulu esiqhingini saseMelitha, futhi uNkulunkulu wamsebenzisa kanjani?

Abantu baseMelitha babenomusa kakhulu, futhi bephana, nesenzo sabo sokuqala ngakuPawulu nethimba lakhe ababegodola kakhulu, kwaba ukubasa umlilo ukuze bafudumale; izinga lokushisa eMelitha ngalesikhathi somnyaka alibi ngaphezu kuka 50°F. Isigameko senyoka sadonsela amehlo abantu kuPawulu. Okokuqala, labantu bendawo abangakholwa bathatha ukulunywa kwakhe yinyoka njengempindiselo kaNkulunkulu. Bathi, uPawulu ungumbulali osinde olwandle, kodwa onkulunkulu bamficile, mhlawumbe babesho isithixo sesifazane samaGriki uDike, isithixo sobulungiswa nempindiselo. Ngenxa yokuthi umphostoli akafanga, wahalaliselwa njengonkulunkulu, njengoba kwakwenzekile eListra eminyakeni eminingi eyedlule (IZenzo 14:6-18). Nakuba uLuka engajuli nalesigameko, singathi kuphephile ukuthi uPawulu wasebenzisa lelo thuba ukufakaza ngoNkulunkulu amkhonzayo.

UPhubiliyo kwakungenzeka ukuba wayebusa egameni lombuso waseRoma lapho eMelitha, noma mhlawumbe wayeyisikhulu sendawo, kodwa wabahlalisa kwakhe oPawulu nabangane bakhe izinsuku ezintathu, baze bathola indawo yokuhlala. Noma waye ngubani, ukuphulukiswa kukayise kwanika uPawulu ithuba lokwenza uvangelo lokwelapha phakathi kwabantu baseMelitha. Ngokulanda kukaLuka, akushiwo lutho nangoyedwa owaphenduka lapho noma ibandla uPawulu ashiya eliphembile eseshiya eMelitha. Lokhu kungenzeka ukuthi akusho lutho, kodwa kutshengisa ukuthi umsebenzi wethu emhlabeni uhamba wedlule ukubhabhadisa noma ukutshala amabandla; uhlanganisa nokunaka abantu nezidingo zabo. Lokho kuyivangeli elisebenzayo (IZenzo 20:35), qhathanisa noThithu 3:14).

Kuyathathekisa ukuthi labantu basesiqhingini abangenalwazi olungakanani, babenalo ulwazi ngobulungiswa bukaNkulunkulu. Lwaluvelaphi lololwazi? Bheka amaRoma 1:18-20.

UPawulu Waze Wafika eRoma, Ekugcineni

Sekuphele izinyanga ezintathu beseMelitha, uPawulu nethimba lakhe bagcina bekwazile ukuqhubeka nohambo lwabo (IZenzo 28:11). Bafika ePhutheyoli (IZenzo 28:13)—namhlanje eyaziwa ngokuthi iPozzuoli, olwandle lwaseNaples—lapho babezosukela khona ngomgwaqo sebeya eRoma (bheka iZenzo 28:11-16). Izindaba zokuza kukaPawulu zafika eRoma, lapho kwasuka khona abazalwane abathile bahamba amamayela amaningi ukuyomamukela. Nakuba wayengakaze aye eRoma, umphostoli wayenabangane abaningi kulelo dolobha: abasebenza naye, abasanda kuphenduka, izihlobo, nabanye abaningi ababethandeka kuye (Rom. 16:3-16). Lowo mhlangano eAppian Way kufanele ukuba wawunomunyu, kakhulukazi uma sicabanga ngokucwila komkhumbi nokuthi uPawulu wayeyisiboshwa manje. Ngenxa yothando nokunaka okungaka kwabangane bakhe abathandiweyo, umphostoli wabonga uNkulunkulu, wathinteka kakhulu enhliziyweni njengoba wayesezobhekana necala phambi kukaKhesari. Embikweni wakhe, uFestu noma kanjani wabhala ukuthi ngokomthetho wamaRoma, uPawulu wayengenacala lokwenza isigemegeme (IZenzo 25:26, 27; 26:31, 32). Lokhu kungaba yisizathu sokuthi avunyelwe ukuqasha indawo yokuhlala yangasese (IZenzo 28:30) kunokuba athunyelwe ejele noma enkanjini yamasosha, yize noma ngokwesiko lamaRoma wayeboshelwe esosheni sonke isikhathi. Ukuthi uPawulu wayezikhokhela ngokwakhe izindleko zakhe, kusho ukuthi wayekwazi ukuqhuba umsebenzi wakhe (IZenzo 18:3).

Funda iZenzo 28:17-22. Wenzani uPawulu eqeda ukuzinza?

_____

_____

_____

Yize noma uPawulu wayengenakho ukuya esinagogeni, isinagoge leza kuyena. Kanjalo-ke, masinyane-nje ngemuva kokufika kwakhe, njengokwenza kwakhe kokuya kuqala kubaJuda (Rom. 1:16), wabizela ndawonye abaholi bamaJuda, ukuze abatshele ngobumsulwa bakhe, abachazele njengoba wayeke wenza ngaphambili, ukuthi asikho isizathu sokuboshwa kwakhe ngaphandle kwethemba likaIsrayeli (IZenzo 23:6, 24:15, 26:6-8). Inhloso yakhe kwakungesikho ukuzivikela, kodwa ukwakha umoya wokwethembana, owamvumela ukuba ashumayele ivangeli, etshengisa ukuthi uvuko lukaJesu kwaku ukugcwaliseka kwethemba likaIsrayeli wasendulo. Amangala amaJuda ukuthi awatshelwanga lutho ngoPawulu yibandla laseJerusalema, athatha isinqumo sokumlalela.

Funda iZenzo 28:22. Lokhu kusitshelani ngobutha obubhekiswe kwabakholwayo nangalesikhathi na? Singahlala kanjani sethembekile yize noma abanye bekhuluma kabi ngenkolo yethu na?

Ukunqoba Kwevangeli

Ngosuku olwalunqunyiwe, amaJuda eza ngobuningi bawo ukuzokuzwa uPawulu eshumayela ivangeli (IZenzo 28:23).

Funda iZenzo 28:24-31. Wayeqondeni uPawulu ngokucaphuna uIsaya lapha?

Isicaphuno esithathwe kuIsaya 6:9, 10 sichaza lokho okwenzekayo uma abantu bengavumi ukwamukela isigijimi sasezulwini. Yize noma amanye amaJuda akholwa, amanye awazange, ngakhoke ngenxa yalempikiswano enkulu, umphostoli wayengakwazi ukwenza ngokunye, ngaphandle kokuba aphinde aphendukele kwabezizwe (IZenzo 13:46, 47; 18:6). Kwadingeka ukuthi uPawulu alinde iminyaka emibili ngaphambi kokuthethwa kwecala lakhe phambi kukaKesari. Kusenjalo, nakuba wayehlezi kuleyo ndlu aboshelwe kuyo, wayekwazi nokho ukwabelana ngevangeli ngaphandle kwezihibe, nalabo ababeza kuyena. Isigaba sokugcina sencwadi yeZenzo siqhakambisa ukunqoba kwevangeli, njengoba akukho mandla, awamaJuda noma awamaRoma, aphumelela ukuvimba ukwanda kwalo. Akucaci ukuthi kungani uLuka evala incwadi yakhe kulendawo, njengoba kukhona ubufakazi bokuthi ngenxa yokungaqini kwecala elibekwe uPawulu, wakhululwa kulokhu kuboshwa, wathatha olunye uhambo lokushumayela ivangeli, waphinde wayiswa eRoma, wanqunywa ikhanda (2 Thim. 4:6-8). Mhlawumbe, ngendlela uLuka abhala ngayo, ukuthi ivangeli lase lishunyayelwe naseRoma ekude le, lase lifike "ekupheleni komhlaba" (IZenzo 1:8).

"Ukubekezela kukaPawulu nokwesasa kwakhe ngesikhathi eboshwe isikhathi eside ngokungafanele, isibindi sakhe nokukholwa kwakhe, kwakuyintshumayelo eqhubeka njalo. Umoya wakhe, owehluke kangaka kunowasezweni, wawufakaza ukuthi amandla angaphezu kwawasemhlabeni, ayekuye. Futhi ngesibonelo sakhe, amaKrestu akhuthazeka ukumela ivangeli esidlangalaleni lapho uPawulu wayengakwazi ukufinyelela khona. Ngalendlela izibopho zikaPawulu zaba nomthelela omuhle, kangoba uma kubonakala sengathi amandla akhe nokuba kwakhe usizo kuyavinjwa, futhi ngokubona kwabantu kwakukuncane kakhulu ayengase akwenze, kulapho-ke avunela khona uKrestu izithungu emasimini lapho wayengavunyelwe khona."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 464. Ngokubuka ngeso lothumo lwebandla kodwa, singathi incwadi yeZenzo—noma umlando wokusatshalaliswa kwevangeli—awukapheli, kulapho-ke thina ngabanye, singena khona kulesithombe. Ziningi ezinye izahluko ezibhaliwe eminyakeni, ngesinye isikhathi zibhalwa ngegazi labofakazi bakaNkulunkulu abathembekile. Manje yisikhathi sethu sokuthasisela esinye isahluko, sethemba okuyokuba esokugcina, sifeze ngokugcwele uthumo uJesu alunika abafundi baKhe—" kanjalo-ke isiphelo siyofika" (Math. 24:14, NKJV)

Ukujula Nomcabango:

"UKrestu unike ibandla umyalo ongcwele. Ilunga ngalinye lidinga ukuba umhosha uNkulunkulu angadlulisela ngawo umcebo womusa waKhe ezweni, ubucebi bukaKrestu obungenakuphenywa. Ayikho into uMsindisi ayifisa njengezithunywa ezizokuba amanxusa oMoya waKhe nesimilo saKhe emhlabeni. Ayikho into edingwa yizwe njengokubonakaliswa kothando loMsindisi ebantwini. Izulu lonke lilindele abesilisa nabesifazane uNkulunkulu angabonakalisa ngabo amandla obuKrestu."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 600 "Sekukudala uNkulunkulu elinde umoya wokusebenza ebandleni ukuze wonke umuntu amsebenzele ngokwekhono lakhe. Uma amalunga ebandla likaNkulunkulu enza umsebenzi amiselwe wona emasimini anenswelo ekhaya nakude, ukugcwalisa umyalo wokuvangela, umhlaba wonke uzoxwayiswa ngokushesha, iNkosi uJesu ibuye lapha emhlabeni ngamandla nenkazimulo enkulu."—Page 111.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. ULuka ukudweba kanjani ukukholwa kukaPawulu kuNkulunkulu kulo lonke uhambo oluya eRoma? Abanye bathinteka kanjani yilokhu kukholwa okungenamibandela?

2. Phezu kwakho konke ayedlule kukho, uPawulu akazange akulahle ukukholwa kwakhe noma uthumo lwakhe. ERoma, waqhubeka nokushumayela yize wayeyisiboshwa. Yini esingayenza uma silingeka ukuthi siyeke ukumemezela isigijimi kwabanye abantu?

3. Funda amaRoma 1:14, 15. Kungani uPawulu azizwa enomthwalo—noma enesikweleti—wokushumayela ivangeli kubo bonke abantu? Ngabe owethu umthwalo mncane yini kunowakhe? Cabanga ngalamazwi: "Ukusindisa imiphefumulo kufanele kube umsebenzi wempilo yonke yalowo nalowo ozibiza ngegama likaKrestu. Sinecala ezweni ngomusa esiwunikwe uNkulunkulu, nokukhanya okukhanye phezu kwethu, nangobuhle namandla eqiniso esiwatholile."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 53.

4. Phinda ufunde isicaphuno esikuIsaya esasetshenziswa uPawulu. Usithinta kanjani thina lowo mcabango? Yebo, siphiwe iqiniso elikhulu, kodwa uma sitshengisa ubulukhuni, ngisho noma kweminye imikhakha yalo ephikisana nezifiso zethu, ngozi yini esingabhekana nayo ngokwasemphefumulweni na?

5. Ake uzicabange uyilelo sosha uPawulu ayeboshelwe kulona. Ucabanga ukuthi labonani kulendoda eyayisondelene nalo kangaka?